

ISITATIMENDE SABEZINDABA

USARS UZOPAKA ISICELO SOKUDLULISA ICALA MAYELANA NGESINQUMO

Tshwane, 24 kuNcwaba 2022 – Uphiko Lwemalingeniso Eeqqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) usiqaphelile isinqumo seNkantolo Yabasebenzi samhla zingama-22 kuNcwaba 2022 odabeni oluphakathi kukaMashilo noSeremanе bebhekene noKhomishana wakwaSARS. Udaba lumayelana nesehlakalo esenzeka kunyaka wezi-2015 ngesikhathi kusekhona lo owayenguKhimishana wakwaSARS wangaleso sikhathi.

Emva kokufunda isinqumo, uSARS, ngokwelulekwa umkhandlu, usuqome ukufaka isaziso ngokudlulisa icala ngesinqumo esibalulwe ngenhla. USARS ukholwa ukuthi inkantolo yenze iphutha lemininingwane engelona iqiniso ekufinyeleleni esinqumweni sayo. Mayelana nalokhu, uSARS ukholwa ukuthi enye inkantolo izophuma nesiphetho esihlukile uma kubhekwa lokhu okuyikho okuyinkinga.

USARS angeke usaphawula ngale kwalesi sitatimende.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane nabakwaSARS ku-SARSMedia@sars.gov.za